## Umsebenzi

1. Phendula lemibuzo elandelayo;

a) Yayingakanani inkosana na?
b) Yini eyayikhathaza inkosi ngendodana yayo?
c) Yenzani inkosi ukuzama ukuxazulula lenkinga yendodana yayo?
d) Bhala amagama amagumbi amane omhlaba lapho izintombi zaziqhamuka khona.
e) Yathini intombi yokuqala lapho isalukazi siyibingelela siyibiza ngomntanomntanaso?
f) Bhala izitho zomzimba ezimbili ezinhle zalentombi yokuqala.
g) Sacela lusizo luni isalukazi kulentombi enhle?
h) Yayithini inkosana lapho kuvela ngaphambi kwayo izintombi ezinhle?
i) Ngubani igama lentombi eyayihlala nogogo wayo?
j) Babekuphi abazali balentombi?
k) Bhala izinto zibe zintathu ezenziwa yilentombi ezazingenziwanga ngezinye izintombi ngaphambili.
l) Sathini isalukazi kulentombi lapho isihamba iya esigodlweni?
m) Lapho lentombi isiseduze nesigodlo kwezwakalani esigodlweni?
n) Ayemangakhi amasotsha ayehamba ngaphambi kwenkosana lapho iya esangweni?
o) Yathini inkosana lapho ikhuluma nalentombi?
p) Ucabanga ukuthi saaba yini isiphetho salenganekwane?

## Umsebenzanyana wasekhaya

Hamba kuyintanethe ufune izithombe zezinto eziphathelene nesigodlo kanye nobukhosi, ubhale lezo ezikulenganekwane kanye nalezo ezingekho kulenganekwane, bese ubhala amagama azo ngesiZulu.

## Umdlalo

Bafundi dlalani lomdlalo nikhombise lokho okwakwenzeka bese niqhubeka nidlale ukukhombisa nesiphetho salendaba.

## Umbhalo: Inkulumo elotshiweyo

Bhala inkulumo mpikiswano ezobonakalisa ukuthi kwakukhona ukuxhumana phakathi kwenkosana nesalukazi sobhici. Chaza ngendlela yakho ukhombiso nokuthi lokhukuxhumana kwakunjani.